



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE
YOKWETHULA UHLELO LWEZOKUPHEPHA EMGWAQENI NGAMAHOLIDI
NGOMHLAKA 4 DECEMBER 2007.**

Ngibanibingelela

- Isikhathi samaholidi kaKhisimusi sihambisana nemicimbi eminingi yenjabulo njengoba abantu bakithi nezivakashi basuke behla benyuka esifundazweni. Kuba yisikhathi futhi lapho kwenyuka nezinga lokungaziphathi kahle kwabashayeli okuyinto edala izingozi eziningi.
- Ngalesi sikhathi, kulindeleke abantu abaningi abazobe behambele emabhishi, ezinkonzweni zamasonto nakweminye imicimbi ehlelelwe lesi sikhathi esifundazweni sonke. Le micimbi yenza abantu babuye baphume endleleni kwande namathuba ezinhlekelele.
- Ezinye zezinto ezivame ukuba yinkinga ngalesi sikhathi kuba yilezi:
 - Udlame embonini yokuthutha umphakathi;
 - Amatekisi namabhasi ahamba amabanga amade ahambisa abasebenzi emakhaya, abaya ezinkonzweni njalo njalo;
 - Ukufikelwa ukukhathala ngenkathi ushayela;

- Ukusetshenziswa kotshwala nezidakamizwa;
 - Ukusetshenziswa kwezimoto ezingekho esimweni ngoba kunabantu abaningi abadinga ukuthuthwa;
 - Abahamba ngezinyawo nezilwane emgwaqeni
 - Izimo zezulu ezingezinhle;
 - Ukusetshenziswa kwamalayisensi omgunyathi;
 - Ukubanjwa kwezimoto zemali;
 - Ukudunwa kwezimpahla nezimoto.
-
- Yingakho-ke sithi sizoqhubeka nokuqinisa umgomo wethu ka“100 % compliance”, okusho ukuthobela yonke imithetho, okuhlanganisa nezinhlelo ezazisa zifundise umphakathi jikelele ngezindlela zokuziphatha emgwaqeni. Siziqhubeka nokwenza ngcono izimo zemigwaqo ngokwenza lokho okufanele. SIZOQHUBEKA NOKUQINISA UMTHETHO.
-
- Sisebenza ngokubambisana nabo bonke ababambe iqhaza lapho senza khona izimvimbamzila. Ngalesi sikhathi iPublic Transport Enforcement Unit izonkanisa lapho kusebenza khona izithuthi zomphakathi ihambele nasemadepho esifundazweni sonke. Kusukela ngomhlaka 1 December kuya ku-31 January 2008, ithimba eliyisipesheli lamaphoyisa lizonkanisa emigwaqeni limise liphinde lihlole zonke izithuthi zomphakathi namaloli ezindaweni ezahlukene.
-
- Ukuze kwenzek kahle lokhu, sesixhumane nabo bonke abathintekayo njengeSAPS, SANDF, Durban Metro Police, Road Traffic Inspectorate (RTI), uMnyango wezokuThutha kuzwelonke, omasipala, RTMC, uMnyango wezeMpilo, ososeshini bamatekisi, TOLCON, SANRAL, SARS, uMnyango wezaseKhaya nabanye ababambe iqhaza.

- Siqalise nangomkhankaso lapho senza izimvimbamzila ngokuhlanganyela nezinye izifundazwe. Sizokwenza imvimbamzila ehlanganisa iMpumalanga Kapa neKwaZulu-Natal ku-N2 eKokstad nehlanganisa iFree State neKwaZulu-Natal ku-N3 eVan Reenens Pass. Sizophinda sigxile naseMajuba Pass ku-N11 esetshenziswa njengopotsho kwabangena kuleli ngokungemthetho.
- Emikhankasweni yethu sizobheka izimoto ezingenawo amalayisensi nezingekho esimweni sokuba semgwaqeni, abashayeli abangenazo zincwadi ezifanele nalabo abashayela bedakiwe nabadla izidakamizwa.
- Izimoto ezingenazo izincwadi zizofakwa ephawundini kuze kuvezwe ilayisensi esemthethweni. Kulabo bashayeli abangenazo izincwadi, izimoto zizobanjwa zize zidedelwe uma sekufike umshayeli onezincwadi. Sizobamba nezimoto ezihamba ngaphandle kwama-number plate.
- **Wonke amaphoyisa azobe esemsebenzini ngalesi sikhathi ukuze siqinisekise ukuthi siqinisa umthetho ngendlela efanele. Kuzosebenza umgomo wokuthi AKEKHO OTHATHA IKHEFU kusuka mhlaka 1 December 2007 kuze kube umhlaka 14 January 2008.**
- Ngifuna ukuxwayisa abashayeli nabanikazi bezithuthi, ikakhulukazi imboni yamabhasi namatekisi ukuthi baqikelele ukuphepha kwabagibeli babo. Kumele nazi ukuthi ingozi yebhasi noma itekisi elilodwa ingakhipha imiphefumulo eminingi kulimale nabantu abaningi. Ungathi awuxwayiswanga – asinawo nhlobo umusa kulabo abaphula umthetho.

- Kuyiqiniso ukuthi uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal uyaqhubeka nokuletha amaqhinga amasha emizamweni yawo yokwehlisa izingozi zomgwaqo nokunqanda abagijima ngokweqile emgwaqeni. Namhlanje sethula uhlelo olusha olubheka ijubane lemoto.
- Sesizokuba namakhamera azokwazi ukubona ijubane lemoto ebangeni elingu-8,5 km ngaphambili nangemuva kokudlula kwikhamera. Inombolo nesithombe semoto kuzoqoshwa bese kudluliselwa ngobuchwepheshe bekhompyutha ehhovisi lamakhamera elixhumene naleyo ndawo.
- Izinombolo zemoto zizogcinwa futhi ukuze kubhekwe ukuthi ayintshontshiwe yini leyo moto nokuthi ayinawo yini amacala omgwaqo angahlawuliwe.
- Sizokuba nomkhankaso wokuqoqa abahamba ngezinyawo emgwaqeni ezindaweni ezahlukene ku-N2 naku-N3. Kuzokuba nebhasi elizothatha abantu kule mizila.
- Amaholide onyaka ka-2006/07 asifundisile njengoMnyango ukuthi kumele siqinise izinhlelo zokufundisa nokuqwashisa ngokuphepha emgwaqeni, sibe siqhubeka futhi nokuqinisa ingalo yomthetho. Izingozi emigwaqeni, ikakhulukazi ukwenyuka kwesibalo sabahamba ngezinyawo abafayo, yizinto ezisikhathaza kakhulu.

- Njengamanje sisemkhankasweni onzima wokufundisa nokuqwashisa ngokuphepha emgwaqeni ukuze kuqine izindlela zokuxhumana nokuthi kuguqulwe imiqondo yabahamba ngezinyawo. Sesisebenzisana nosaziwayo njengoDJ namaqembu ebhola eniwathandayo abasisiza ukusabalalisa umyalezo wokuphepha emgwaqeni.

- UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal nabadlali bamaqembu abambe iqhaza – Amazulu, iGolden Arrows, iKaizer Chiefs ne-Orlando Pirates – bazosabalalisa umyalezo wezokuphepha emgwaqeni emidlalweni ethile yePSL KwaZulu-Natal, nasemidlalweni yebhola yamaqembu asemiphakathini ezindaweni ezinezingozi nasezinxanxatheleni zezitolo, emathaveni nasezikoleni.

- Mangigcine ngokuthi, njengoba sesingena esikhathini senjabulo kaKhisimusi nje, masikhumbule lokhu:
 - Bheka kwesokudla, bheka kwesokunxele, bheka kwesokudla futhi ngaphambi kokuwela umgwaqo.
 - Kuyingozi futhi kuyicala ukuhamba ngezinyawo emgwaqeni onguthelawayeka.
 - Gwema umgwaqo njalo uma udakiwe.
 - Bonakala, uphephe. Gqoka izingubo ezigqamile, ikakhulukazi ebusuku.
 - Hamba ubheke izimoto ophambana nazo.
 - Phila wenze nabanye baphile.

Ngiyabonga